agriculture
& rural development

Department:
agriculture
& rural development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

DAILY MEDIA MONITORING

5 July 2015 – Ilanga -Page 6

# Udabukela amakhehla ungqongqoshe

## EZABALIMI: Ugqugquzela intsha ukungena kwezolimo

THAMI SHANGASE

ABALIMI baKwaZulu-Natal baphoqeleka ukusebenza noma sebeyimidodovu yamakhehla nezalukazi ngenxa yokushoda kwabazongena ezikhundleni zabo.

Lokhu kuvele eProtea Hotel Edward, eThekwini ngeledlule esigcawini sokwamukela abafundi abali-15 ebebeyothekela ulwazi lokupha-thwa kwemfuyo namapulazi eDenmark ngonyaka odlule.

UNgqongqoshe wezoLimo nezokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natal, uMnu Cyril Xaba, uthi abalimi abakhona basebenza noma sekumele bathathe impesheni ngenxa yokushoda kwabo.

UMnu Xaba uthi basazoqhubeka nokuhambisa intsha iyoqeqeshwa eDenmark ukuze bathole ulwazi olunzulu ngokuphathwa kwamapulazi.

Uthi sekuyisikhathi sokuthi intsha ingene kwezokulima ngoba umhlabathi yiwona oqukethe ukunotha kwale lizwe.

"Le nyuvesi abebeqeqeshwa kuyona laba bafundi (iDulam University) isezingeni eliphezulu futhi iDenmark ihamba phambili kwezolimo," kusho uMnu Xaba.

Uthi umnyango wakhe uzoqhubeka nokuxhasa abafuna ukufundela ezolimo KwaZulu-Natal.

Lolu hlelo lokufundisa abalimi abasebasha kuthiwa lwenziwe wumnyango ubambisene ne- Agribusiness Development Agency.

Abafundi bacijwe kabanzi kwezokufuya nasekuzalaniseni izilwane, ukulima nokuphathwa kwamapulazi.

I-Dulam University ihamba phambili emhlabeni wonke kwezolimo.

Lolu hlelo kuthiwa luzoqhubeka nangonyaka ozayo kwazise kukhona abazohamba kule nyanga baze babuye ngesikhathi esifanayo ngonyaka ozayo.

Bazobe befundiswa yiwona lo mnyango.

UMnu Xaba uthi kubalulekile ukuthi uhulumeni ngokubambisa nomkhakha wezolimo, bahehe intsha ukuba ingene kulo mkhakha ngokuvula amathuba kuyona.

Uthi ukufakwa kwentsha kwezolimo ngenye yezinto eziqhakanjiswayo emnyangweni wakhe ukuze izizukulwane ezizayo zibe ngabalimi.

Uthi kumele izingane zifundiswe ezolimo zisakhula.

"Sesiphelile isikhathi sokuthi abantu basebenze nje emapulazini bahole amakinati, sekumele babambe iqhaza kuyona yonke imikhakha. Kakumele babuke ezolimo njengomsebenzi wokugqilaza abantu," kusho yena.

Umnyango uthi uhlela ukufundisa intsha ngamathuba akhona kulo mkhakha, itshelwe ngokubaluleka kwawo.

Kumanje uMnu Xaba uthi usebenzisana noMnyango wezeMfundo ukuzama ukufaka ezolimo ezikoleni.

Uthi sekufakwe imali ezolekelela abafundi ezikoleni ezine ezigxile kwezolimo eNingizimu Afrika.

Leyo mali iyosiza ekuthengeni izinsizakusebenza uma sekuwenziwa umsebenzi wezandla.

thamis@ilanganews.co.za



UNGQONGQOSHE Cyril Xaba ongowesithathu kwabahleli, uzimisele ngokuthi umnyango wakhe ukhiqize inqwaba yentsha engabalimi njengoba kubonakala ngemuva abantu abasha abebethunyelwe eDenmark ukuyofunda ngalo mkhakha.